Zulu Custom.

K13/36

S.79 | 11b | K 13/ ~~AM/3/~~36 | A.B.C.Xaba. | 1/2

AmaZulu - Ukudla iphaphu.

2. KwaZulu uma kuhlatshwe inkomo yeleyo nyama naseso sitho sinabanini baso okufanele, basidle.

Iphaphu lidliwa ngabafana abelusayo. Kabalidlele ekhaya kodwa balidlela ethafeni. Inkundla lapho kuzakudlelwa khona iphaphu ikhonjwa ngulowo eliphuma kubo iphaphu.

Umema abanye abafana abalayele nenkundla nosuku okuya kudliwa ngalo iphaphu. Usuku lwazi kusesedeni ngoba ukuhlatshwa kwenkomo kuba yidili elikhulu. Kuzwakala kusesekudeni ukuthi umnumzane othize ufisa ukuhlaba.

Noma ehlabela siphi isici kuyaziwa. Izici ezihlatshelwayo ngabayeni uma kulot holwa intombi, uma k enda intombi, uma kuthelwa kuthehtwa noma kubongwa amadlozi nomake kuhlatshelwe ukubusa nje. Kozo zonke lezizici iphaphu liba ngelabafana.

Uma abafana sebelwazi usuku lwephaphu bayahamba bayokugawula izinduku.

Luthi lifuka usuku bese belulangazelela kabi. Sezanqunywa kahle izi duku zabuniswa zakhishwa nasemqubeni lapho zikade zigqitshwe khona, yonke imihlambi yezinkomo ngalolo suku

2. yelukela ngakulo lolo lukhalo olunenkundla yakudlela iphaphu.

Endlelεni bahambe beqoqa amalongwe nezinkuni abayakubasa ngakho lapha sebosa iphaphu lelo.

Bese naloke iphaphu abafana balilengisa bababili. Kuhlohlwe induku phakathi omunye abambe ngakuleli icala, nomunye abambe ngakuleliya.

Baluphehleke uzwathi uma bengokhanga ngelongwe ekhaya. Uzwathi baluphehlela enkodlwaneni yona isheshe ulumeleke. Losiweke lapho selibengwe imibengo b ngezijumpana zemikhonto. Lisimeze libacekwe phezu kwawo amalahle amadaka lana noba ezinkuni.

Elabafana abakudlwana losiwa lodwa nelabancane liba lodwa. Abadadlana bavamise ukuzisikela kakhulu kwenonile yenhliziyo.

Abancane bavame ukuzikholisa ngalo ibikubu le nkomfunkomfu zephaphu lize libadine nabo.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

S.879 Lapho selibadinile ngulowoke usechwensela lo amadelelayo alithathe lona iphaphu aliowilise emanzini amunike athi akalide . Naloke onikwayo abone ukweyiseka lokho abese ethatha ezakhe ibisisha njalo induku. Kuze kube nzima lapho izinqwele zime emuva kwabo yileyo kayifuni owakubo ehlulwe.

3. Zithi ngemuva "Mshaye". Aze ehlulweke omunye.

Abesithi omehlulile "Qo.'qo' mfana ngiyakwehlula ngiku phuzisa ubisi lwenkangala uluthi goje" Amuthi ziphu kakhulu ngomshiza wakhe ekhanda.

Lapho sebedelisene bonke abedelelanayo, kuchonywa ubedu laphaya ngenduku uzizwayo abese elusukela eluthatha eludla. Wonela ukuluthatha nje bese ethelekelwa yibo bonke bemshaya bamshayele kuthi akalulahle phansi. Ubedu lolu yinyama esikwe kweyenhliziyo yase yosiwa kahle ngoku khulu uk nakekela.

Umufanake okwazi ukushaya induku kunabo bonke abanye nguyena odla ubedu. Ngakhoke yinqwele edla ubedu.

Phezu kokuba induku isha kangaka enkundleni yephaphu, lolu usuku luba lusuku olukhulu kubafana bonke baleso sigodi. Bahlale belukhumbula njalo.

Umfana olimala emhashini akaceni muntu ekhaya. Nengozi leyo emuvelele uzakuyilepha yena nabanye abafana, ifihlwe kwabadala.

Ntambama zibuyeke izinkomo ziye emakhaya kuhanjwe kujatshulwe.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.